

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI
KWAZULU-NATAL UMNUZ T.W. MCHUN EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LEMIGWAQO
EHLUKENE EMTSHEZI NGOLWESIHLANU MHLAKA 20 AUGUST 2010**

Mphathi wohlelo;

Ndunankulu Khabazela;

Inhloko yomNyango Hlabisa;

Imeya yoMkhandlu;

Amakhosi wonke akhona;

Amakhansela;

Izinduna;

Izikhulu zeminyango ngokwehlukana kwayo;

Amalungu ezinhloko esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambeke;

Abezindaba;

Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Mangiqale ngibonge Ndunankulu Khabazela ukuthi ukwazi ukuba yingxenye yalo mcimbi. Siyazi ukuthi isikhundla okusona senza uhlale umatasa kodwa uyakwazi ukuzinika isikhathi sokuba nathi.

Siyawubona uHulumeni wakho sesifundazwe uyaqhubeka nokusabela njengoba ikhwela alihlaba uMongameli wezwe uJacob Gedleyihlekisa Mhlanganyelwa Zuma ukuthi masiphume siye kubantu ezindaweni zasemakhaya siqinisekise ukuthi izimpilo zabantu ziguquka ngokushesha.

Namhlanje-ke akumina okumele ngikhulume kakhulu ngoba ukhona. Njenge Nhloko kaHulumeni wesifundazwe uwena ozosicacisela ngombono nezinhlelo zikaHulumeni ngezindawo ezifana nalapha eMtshezi naseMbabazane.

Mina engingakusho nje ngukuthi njengosiko lukaHulumeni, namhlanje besizokwethula ngokusemthethweni izinhlelo zemigwaqo eSobabili, eZwelisha, eMqedandaba nase-Draycott. Ngale misebenzi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal egameni likaHulumeni wesifundazwe utshale imali ebalelwa ku-R62,6 million.

Uma ihlukaniswa le mali kuba ngu-R30,5 million ozokwakha imigwaqo yaseMqedandaba nokulindeleke ukuba iphothulwe ngoMarch ka-2013. Sifake u-R20,1 million eZwelisha emsebenzini okulindeleke ukuba uphothulwe ngo-December ka-2011. Umsebenzi waseSobabili uzokudla u-R5 million kanti wona kulindeleke ukuthi uphele ngo-March ka-2011. Endaweni yase-Draycott khona sifake u-R7 million kanti nakhona umsebenzi kumele uphele ngo-March ka-2011.

Njengoba le migwaqo isezindaweni zokuhlala imiphakathi, njengoHulumeni sisaqhubeka nako ukulekelela abantu bakithi ukuba bafinyelele ezindaweni zokuthola usizo njengezikole, imitholampilo, amasonto, izindawo zokuholela impesheni nokunye.

Siyaqhubeka futhi nomgomo wethu wokuthi uhlelo lokwakha lonke kumele luqinisekise ukuthuthukiswa kwamakhono kubantu bendawo. Umnotho kumele usale kubantu bendawo. Osonkontileka kulindeleke ukuba bazithenge kosomabhizinisi bendawo izimpahla zokwakha. Osonkontileka abaphethe umsebenzi kulindeleke ukuba beze nezinhlelo zokuqeqesha nokuthuthukisa amakhono. Siyazi-ke futhi ukuthi njengoba kuyimigwaqo yasemakhaya nje lena, kuzodingeka igcinwe isesimweni esifanele ngomama bakaZibambeke, okusho ukuvela kwamathuba amasha okuxosha ikati eziko.

Ngithanda ukubonga amakhosi alezi zindawo eyaKwaMzibuko, eyaKwaMabaso neyaKwaNdaba kanye nabanye abaholi bomphakathi ngokusebenzisana noMnyango ekwakhiweni kohlelo lwale misebenzi.

Nathi njengoHulumeni sithi sizolokhu sizibophezele ukuthi uthuli luyaqhubeka nokushunqa ezindaweni zasemakhaya. Umkhankaso ka-Operation Kushunquthuli usaqhubeka njengoba unjalo.

Into esiyaye sithande ukuthi bangayikhohlwa abantu bakithi ngokuthi sibhekene nenselelo yokuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasalele emuva ekuthuthukisweni kwengqalasizinda. Manje uma omunye singakafiki ngakuye ubona sengathi asenzi lutho kanti siyoze sifike nakuye.

Siyaye sijabule nje uma sesibona imiphakathi lapho sekwakhiwe le migwaqo namabhuloho isixoxa indaba ngokushintsha kwezimpilo zayo. Sijabuliswa ngokuthi phela akuqali ukuthi sibe noHulumeni eNingizimu Afrika. Nakudala babekhona ohulumeni nalapha KwaZulu-Natal, kodwa abantu ezindaweni zasemakhaya esesakhe kuzona le ngqalasizinda yima bexoxa indaba ngoguquko abalubona ezimpilweni zabo.

Mangiphethe ngokuthi nakuba singenayo imali eyenele, sizolokhu sizama ngokusemandleni ukuvala igebe ngokufuqa umkhankaso wokulethwa kwentuthuko emakhaya njengokuyalelwa nguMongameli wethu ukuze ekugcineni izimpilo zabantu bakithi zibe ngcono kunayizolo nekusasa labo libe ngcono kunenamuhla.

Okokugcina, mangigcizelele ukuthi yonke intuthuko esikhuluma ngayo lapha incike ekutheni sibe nokuthula nokuphepha ezindaweni esihlala kuzona. Ngakho-ke nginxusa umphakathi wonke ukuthi ubambisane noHulumeni emkhankasweni wokulwa nobugebengu ukuze sikwazi ukwakha isizwe esiphumelelayo.

Ngiyabonga